# Sikhulu isililo sokuhlukumezeka eDumbe

**nguLUVUYO THAHLA**

NGALESI sikhathi izwe nosopolitiki bekhuluma ngesidingo sokubuyisana kwezinhlanga, umphakathi waseDumbe waboHlanga ukhala ngokuthi usashishibezwa ngelimabhaxa ngabalimi bakule ndawo. Phakathi kwemikhuba abathi bagilwa yona wukudilizelwa imizi emapulazini baphinde bavinjelwe nokwakhiwa kwamagumbi okufundela kanye nezikole. Eminye imikhuba egilwayo wukuvinjelwa kwaboHlanga ukuba babe nesibalo esithize semfuyo nokukhinyabeza umnotho nokuphila nje kwaboHlanga kwansuku zonke. Kuthiwa nxa bakha emapulazini akumele bakhe izindlu zohlobo oluthile nokungcina kwenze aboHlanga sebehlala emafukufukwini.

Lolu sizi silulandiswe yiMeya yaseDumbe, uMnu uMajuba Mavuso engxoxweni ekhethekile nelaboHlanga. UMavuso uma echaza lolu daba ushintsha ngisho ebusweni kubewumunyu wodwa.

"Okubuhlungu kunakho konke ukuthi siyazama manje ukuba kuhlalwe phansi phakathi kwaboHlanga nabaMhlophe ukuze kubuyiswane kuphele le nzondo engaka. Nokho kukhona labo balimi abasanonya abangayingeni indaba yokuhlalisana nabantu bakithi. Akugcini lapho kodwa okuphinde kube buhlungu ukuthi isibalo sezingane eziyeka isikole emapulazini siphezulu ngendlela eyisimanga ngoba izikole zikude, abalimi abafuni zakhiwe zisondezwe kubantu. Kwesinye isigameko, kube nomlimi ovele wasukeleka wadiliza ibhuloho ebelihamba izingane uma ziya esikoleni ngoba ethi ucasulwa ukuthi zinqamula emasimini akhe. Lezo zingane kugcine kuphoqeleka ukuba ezinye ziyeke ukufunda ngoba ingasekho indlela eya esikoleni. Omunye umlimi usihlukumeze ngendlela eyisimanga ngesikhathi egoloza ukuba sakhele izingane isikole. Lesi sikole bekufanele sakhiwe ngesikhathi sikaMnu uSenzo Mchunu obesenguNgqongqoshe Wezemfundo ngaleso sikhathi kodwa kuze kube manje asikaze sakhiwe ngenxa yokuvinjwa umlimi. Ngikhuluma nje izingane kusafanele zihambe amakhilomitha angaphezuu kwangama-27, zisuka emakhaya ziye esikoleni. Nalezo ezisaqhubeka nokufunda zihamba kusewuvivi ekuseni kodwa zifika cishe selishayile ihora lesishiyagalolunye ngenxa yokuba kude kwesikole ezifunda kuso," kubalisa uMavuso.

Uthe njengoMkhandlu sebeze benza imizamo yokuthi lezo zingane zithole amabhasi azithuthela esikoleni ekuseni nantambama ukuze zikwazi ukuqhubeka nokufunda yize kunzima. Khona lapho uveze ukuthi lezi zigameko akusizona zodwa kodwa ziningana ezenzekayo ezihlukumeza aboHlanga emapulazini.

Uveze ukuthi kunesinye isigameko esibenesihluku angasoze asikhohlwe lapho isalukazi nekhehla, abesebehlale epulazini iminyaka engama-47 okuthe uma umkhulu eseshona ngosuku abezongcwatshwa ngalo, eyolandwa emakhazeni, umndeni wabuya izindlu sezidiliziwe. "Lesi sigameko sisanda kwenzeka kanti kuphoqeleke ukuba kuzanywe enye indawo eko-9 ukuze umkhulu akwazi ukufihlwa. Okubuhlungu ukuthi umndeni uthe uma ufika wathola umlimi ematasa nabasebenzi bakhe nemishini bediliza imizi yalo mndeni oshonelwe futhi beyidiliza ngosuku obekulandwe ngalo umkhulu emakhazeni," kusaqhuba uMavuso.

Uqhube wathi useze waxhumana noNgqongqoshe Wezokubuyiswa Momhlaba Nezindaba Zasemakhaya, uMnu uGugile Nkwinti ukuba angenelele kanti ukhombisa ukumeseka kakhulu. Uthe kunemizamo abayihlelayo yokuba kuqoqwe abalimi nabantu abahlala emapulazini ukuze kuxoxiswane ngenhloso yokubuyisana.

Okunye okuvelayo ukuthi abalimi baseDumbe sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba ukuba basolwe ngesihluku abasenza kwaboHlanga abahlala nabo emapulazini.Ezinye izigameko ezikhona kubalwa nokugugulwa kwamathuna abantu asuke egugulwa abalimi ngoba bethi bafuna ukulima.

UHulumeni wesifundazwe naye uthwele kanzima ngeDumbe njengoba ubhekene nengwadla yokuthi akhele abantu abahlala emapulazini imizi yesibonelelo njengoba kwenzeka kwezinye izindawo. Nokho eDumbe kusinda satshe ngoba abalimi bayawukhumbuza uhulumeni ukuthi umhlaba ngowabo uzimele ngakho uhulumeni ngeke enze umathanda.

UMavuso uthe kuseyinselelo ababhekene nayo eDumbe ngoba abanye abalimi bakhona banenkani. Udalule ukuthi bake baya ukuyokhuluma nabo ngezinkinga abazibona zenzeka kubantu kodwa abalimi ababethinteka bavele bavala amasango bazivalela, bagcina abaholi bengakwazanga ukuhlangana nabo.

### Kwezinye izingxenye

Lolu twayi luyakhonjwa nakwezinye izindawo kwaZulu-Natal njengoba nangonyaka owedlule kwaba nemibiko ngesigameko esenzeka eMkhanyakude, esizweni esingaphansi kweNkosi uBonga Mdletshe, lapho umlimi weBhunu esolwe ngokuthi wafaka ushevu edamini maqede izinkomo zaboHlanga ezili-14 zaphuza zafa zonke. Lo mlimi waphika wathi izinkomo zomphakathi yizo ezazingenela epulazini lakhe zaziphuzela amanzi ayefake kuwo ikhemikhali ayeshisa ngayo ukhula.

Ngalesi senzo umphakathi wavuka indlobane wavala umgwaqo u-N2 ukhala ngokuhlukunyezwa yilo mlimi owawuthi ubulele izinkomo zawo. Kwaze kwangenelela uMphathiswa wezolimo wangaleso sikhathi, uMnu uCyril Xaba ezokhuza ulaka emphakathini owawuvutha ngezinkomo zawo. Ngisho amakhehla ayekhala izinyembezi zigobhoza ebalisa ngemfuyo eyigugu kuwona.

Ngowezi-2009 owayenguMphathiswa wezolimo KwaZulu-Natal, uMnu uMtholephi Mthimkhulu, wavinjwa eMkhanyakude umlimi wamkhiyela isango engafuni angene ngaphakathi wagcina ebuyele emuva. UMthimkhulu wayezoxoxisana nomlimi ngenxa yezikhalo zabasebenzi boHlanga ababekhala ngokuhlukunyezwa nguye lowo mlimi, engafuni nokuthi bayovota uma kunokhetho.

Esinye isigameko esisanda kwenzeka esaseMaritzburg College lapho umfundi omhlophe ethuke izingane zaboHlanga ezibiza ngamagama obandlululo asavalwa.

Kugcine ngokuthi isikole simumise lo mfundi kuyo le nyanga ngemuva kokuba abhala enkundleni yokuxhumana.

EThekwini, eMorningside owesilisa wakwaMadlala wazithola ethuthumela futhi ehlelwa isithunzi ngesikhathi owesilisa weNdiya emthumelela ngephutha i-sms efuna imali yerenti nalapho ambiza khona ngegama eliqala ngo-K, okwakubizwa ngalo aboHlanga ngezikhathi zobandlululo.

Owesilisa waseVerulam uphuthume enkantolo ngonyaka owedlule wafika walinqoba icala ngemuva kokuthi owesilisa weNdiya ethathe umazisi wakhe wawufaka isithombe semfene ngoba ethi umbona efana nayo. Leli Ndiya ligcine lihlawuliswa imali eyizinkulungwane eziyisithupha zamarandi ukuze ligeze igama lalona wesilisa woHlanga.